

**INKULUMO KAMPHATHISWA WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA  
UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL, MNUZ MXOLISI KAUNDA, ENKONZWENI  
YESIKHUMBUZO SABANTU ABAYISIKHOMBISA ABASHONE ENGOZINI,  
NGOLWESINE, 15 SEPTEMBER 2016**

- Mphathi wohlelo;
- Imindeni elahlekelwe;
- Izihlobo nabangani;
- Abefundisi;
- IMeya yaseHarry Gwala, Cllr Ndobe;
- IMeya yaseMzumbe, Cllr Ngcobo;
- Amakhansela akhona;
- Izinduna zamakhosi;
- Abaholi be-Santaco;
- Abazalwane bonke, ngiyabingelela egameni leNkosi uJesu Kristu
- 

Bazalwane ngifisa ukusukuma nokubonga egameni likaHulumeni wesifundazwe oholwa nguNdunankulu ubaba uWillies Mchunu ukuthi nisivumele ukuthi sibe yingxenye yale nkonzo yokukhumbula izihlobo zenu ezisishiyile.

Noma eminye yemindeni sike sahlanganisa nayo amakhanda, sizobhongela emsanini ngelanga elilandela okwenzeka ngalo ingozi kodwa sibone kusamqoka ukuthi sibe kanye nani nanamuhla.

Kumqoka ngoba njengoHulumeni okhethwe ngabantu sinenkolelo yokuthi kumele zikhathi zonke zihlale sinabantu zikhathi zonke noma ngabe basosizini.

Sikholelwa kakhulu ekutheni uHulumeni wethu nguhulumeni wabantu ngakho kumele ngaso sonke isikhathi ibe kanye bantu.

Ohulumeni baphambilini kwakuthi uma kwenzeka izingozi zalolu hlobo noma kwenzeka noma yimuphi umonakale basiyekelele, siphophelele ukuba sizibonele – ngoba babengenandaba nabantu.

Lo Hulumeni wabantu obuswa i-African National Congress (ANC) ngeke wahlukaniswa nabantu kanjalo nabantu ngeke bahlukaniswa nawo. Yingakho noma kukubi kunje kodwa uhulumeni oholwa ngumbutho wesizwe ukwazi ukusondela kubantu, uzolila kanje nabo futhi ube yingxenye yokuniduduza.

Yikho sigqugquzela ukuthi noma kukhona izinto abantu okungenzeka ukuthi abagculisekile ngazo ngokusebenza kukaHulumeni wabo kodwa akumele bawulahle futhi akumele bawucasukele baze bafike lapho beshisa khona izakhiwo futhi becekela khona nempahla.

Size lapha mindeni sizothi duduzekani ngalesi sehlo esibuhlungu kangaka esenihlele. Inkinga ngokudlula komuntu emhlabeni ukuthi akekho osuke ekulindele futhi uyasho nombhalo ongcwele ukuthi akekho owazi umzuzu nehora.

Nokho noma sekunje kumele sihlale njalo ezwini lenkosi futhi simdumise njalo uNkulunkulu ngoba kuthiwa akasethwesi umthwalo ongaphezu kwamandla.

Mina engifikile nalapho kwehle khona le ngozi, ngingakusho ngingahlonizi ukuthi sehlelwe yilo mshophi ngenxa yobudedengu bomuntu. Kuye kuthiwe uma kunje akumele sidlinze futhi nani ngifisa namukele osekwenzekile. Nokho kumqoka ukuthi noma sekonakele kunje kodwa kumele siwakhulume amaqiniso.

Ukuba omunye wabashayeli akazange abukele phansi umthetho womgwaqo, ukuba akazange ashayele edle utshwala, ukuba akazange ahambe ngesivini esiphezulu – ngabe asikho la namuhla. Yilobu budedengu esithi benza umsebenzi wokulwa nezingozi zomgwaqo ubonakale sengathi ume ndawonye.

Isimo somgwaqo ngisibonile futhi ngigculisekile ukuthi muhle ngakho ke angeke sisole umgwaqo noma isimo sezulu ngale ngozi. Lokhu kufakazela ucwaningo oluveza ukuthi izingozi ezingu-95 % zibangelwa ubudedengu babashayeli kanye nabahamba ngezinyawo.

Sizothi namuhla noma kubuhlungu mindeni, noma sekunje kodwa kumele siwakhulume thina amqiniso ngoba umsebenzi wethu njengoHulumeni ukuthi siphephise nina enisasele.

Kumele uma siphuma la kule nkonz, sithathe isinqumo futhi senze isifungo sokuthi phakathi kwethu akekho oyodlula emhlabeni ngenxa yengozi yomgwaqo, ngakho sonke kumele sibe ngamanxusa okuphepha.

Kumele sonke senze isibopho namuhla ukuthi akekho umuntu oyodlula emhlabeni ngenxa yobudedengu bakho noma ngenxa yokubukela kwakho phansi imithetho ebhekelele ukuziphatha kwabashayeli emgwaqeni.

Mphathi wohlelo, abantu bakithi bafike bafune intuthuko, uma eseyifakile uhulumeni imigwaqo isimihle, igcine isiphenduke indlela esheshayo ebheke ethuneni ngoba asibe sisakwazi ukuhamba ngokuzihlonipha. Kungani umsebenzi omuhle kangaka niwuphendule isikhubekiso emphakathini nasemindenini esuke ishonelwe?

Kungani singakwazi ukukwazi ukuzihlonipha njengesizwe futhi sihloniphe nempilo?

Okubuhlungu ngale ngozi wukuthi umshayeli onjani ongakwazi ngisho nokuhlonipha umsebenzi wakhe – ngoba cishe le ngozi yenzeka imoto enye isathwele isidumbu. Umuntu onjani ongakwazi ukucabangela umsebenzi obucayi kangaka awenzayo, awuhloniphe futhi awenze ngesizotha?

Yilokhu kuphela kobuntu kanye nokulahleka konembeza esithi kubuyisela isizwe sethu emuva futhi uma singanakile kuzosibhuqabhuqa sonke. Uma singabhekile izingozi zomgwaqo yizona ezizoqeda isizwe okudlula ngisho isifo sengculazi.

Kuwubulwane nokungahloniphi nemindenini yabantu abashonelwe ukuthi uma wenze umsebenzi wokuhambisa izihlobo zabo ezishonile bese udakwa utshwala. Abantu bashonelwe bayakhala, wena udla utshwala.

Kukhona okonakele esizweni sethu okuzomele sisukume sonke sikulungise kungenjalo, sonke sizophela ngenxa yezingoz zomgwaqo.

Bheka nje ngoba ngoLwesibili kade ngihlangene nabakwa-Road Accident Fund (RAF), bangibikela ukuthi ngonyaka bachitha imali elinganiselwa ku-R30 billion. Le mali ngabe isetshenziswa ukwakha imigwaqo, ukudala amathuba emisebenzi, ukuxhasa imfundo yamahlala kanye nokuthuthukisa imiphakathi yasemakhaya kodwa igcine iphelela ezindlekweni zokulapha, ukungcwaba kanye nokuxhephezela abantu ngenxa yezingoz zomgwaqo ezenziwa ubudedengu babashayeli.

Lokhu kusho ukuthi ziningi izinto nenqubekela-phambili okumele ngabe siyayenza kodwa ebambezelwa unghloniphi kwethu imithetho yomngwaqo kanye nokuhluleka kwethu ukubekezelelana.

Lesi sifundazwe ngisho kwezinye nasemazweni omhlaba sesidume kabi ngoba njalo kuhlale kuchitheka igazi. Uma kungezona izingozi zomgwaqo, kubulewe abantu

abaxabene ngokwepolitiki eNtshanga, noma kubulewe amalungu omndeni eMelmoth, noma kubulewe abantu eGlebelands noma KwaMashu ehostela. Lokhu kwenza ngisho abatshali zimali begcine besibalekela futhi besibona njengesifundazwe esingazinzile nesihlale njalo sigobhoza igazi.

Kumele kesizibuze ukuthi kukhale nyonini futhi yini esingayenza ukuqeda lokhu kuchitheka kwegazi okungaka esizweni sethu?

Mphathi wohlelo njengoMnyango wezokuThutha, kuningi esikwenzayo ukubhekana nokuphulwa komthetho emgwaqeni. Sethule umkhankaso ka-Operation Valingozi eminyakeni edlule, okuwumkhankaso obhekene ngqo nokuhlanganisa zonke izinhlaka ezimqoka ukuze sivumelane ngokuthi qhazalini sonke esingalibamba ukuqeda lokhu kufa kwabantu. Njengengxenywe yalolu hlelo sizohlangana nabamabandla, izinyunyana zabasebenzi, izinkampani ezizimele, izikole zokufundela ukushayela kanye nezinye izinhlaka ezimqoka.

Lo mkhankaso ukhuluma ngokuthi sonke kumele kube khona iqhaza esilibambayo. Sifisa ukubonga inyunyana yabasebenzi iCosatu ngoba yona isukumile yabiza ingqungquthela yabasebenzi yokuphepha emgwaqeni. Kuzomele sibheke ezinye zezinqumo ezathathwa kule ngqungquthela siqinisekise ukuthi ziyaphumulela.

Siphonsela inselelo zonke izikhungo ukuthi zifundise nabashayeli abashayela izimoto zezinkampani ngobumqoka bokuziphatha futhi zibeke nemihlomulo kulabo abashayela abaziphatha ngendlela bengaphuli mthetho. Lokhu kumele kuhambisane nokuthi izinkampani ezizimele kanye noHulumeni babambisane ukusebenzisa ubuchwepheshe besimanje okuzokwazi ukuthola uma umshayeli eshayela ephuzile, noma esozela noma ehamba ngejubane eleqile.

Siyaxoxisana nangokuthi kuzomele kufakwe emigomweni yokuziphatha kwabasebenzi ukuthi ukuphula umthetho womgwaqo kube ngezinye zezinto okumele zijezelwe futhi uma kumele umsebenzi athathelwe izinyathelo nokuxoshwa, kumele kube njalo.

Mphathi wohlelo, sifisa ukuthi njengoba size kule ndawo namuhlanje, singaphinde sibuye nngoba kuthiwa kukhona abantu abadlule emhlabeni ngenhla yengozi yomgwaqo kodwa kube ukuthi siza lapha ngoba sizokhuluma izinto ezithinta intuthuko.

Sikhulekela ukuthi njengoba izihlobo zenu zisishiyile zibe yiso nokukhanya okuzolekelela abantu bakulesi sifundazwe ukuthi bavuleke amehlo ngoba indlela izingozi ezenzeka ngayo kulesi sifundazwe zishayisa ngovalo.

NjengoMphathiswa wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi KwaZulu-Natal, sengijube izinhlaka zezomthetho ukuthi zicubungule futhi zibeke ukuthi siqinisa kanjani ukusebenza komthetho ngezimpelasonto ngoba izingozi eziningi zenzeka ngezimpelasonto.

Sengiphetha, sifisa sengathi izihlobo zenu zingaphumula ngokuthula futhi noma seniyozibeka ngempelasonto nizibeke nihamba noNkulunkulu. Sengathi imiphefumulo yabo ingalala ngokuthula.

Ngiyabonga

